basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

FEBRUWARI/MASHI 2014

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayisi-6.

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:

   ISIQEPHU A: Indaba (50)
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifushane edlulisa imiyalezo (20)

2. Ohlolwayo kulindeleke ukuba aphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B kanye noWODWA esiqeshini C.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Ohlolwayo makaqale umbuzo ngamunye EKHASINI ELISHA.

5. Bhala uhlaka ekhasini lephepha lakho lokuphendula imibuzo, lube sekhasini lwalo lodwa. (Indaba kuphela edinga uhlaka.)

6. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30

7. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zinjalo ephepheni lemibuzo.

8. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo.

9. Ohlolwayo makaqaphelisise upelomagama kanye nokwakheka kwemisho.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

    ISIQEPHU A: (Izindaba)
    - Ubude bendaba

    Bhala ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

    ISIQEPHU B: (Umbhalo odlulisa imiyalezo)
    - Ubude bombhalo

    Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
    QAPHELA: Ohlolwayo uyayalwa ukuba abhale uhlobo lwalowo mbhalo awuphendulayo.

    ISIQEPHU C: (Imibhalo emifushane enemiyalezo)
    - Ubude bombhalo

    Bhala ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.
    QAPHELA: Ohlolwayo uyayalwa ukuba abhale uhlobo lwalowo mbhalo awuphendulayo.

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Qaphela lokhu okulandelayo:

- Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
- Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zolimi.
- Isakhiwo sombhalo
- Indaba kumele ibe nohlaka

1.1 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo.

Ukubaluleka Kwesikhathi Empilweni Yomfundi. **[50]**

1.2 Bhala indaba ezophetha ngala mazwi alandelayo ubuye uwasebenzise njengesihloko sendaba yakho.

... ziyofa izinsizwa ziyosala izibongo. **[50]**

1.3 Bhala indaba ngalesi sihloko esilandelayo ukhombise ukuthi uyasiqonda.

Ukhozi Olubambayo Ngoluzulayo. **[50]**

1.4 Izwe laseNingizimu Afrika lintula intsha enolwazi kanye namakhono emisebenzi anhlobonhlobo.

Bhala indaba ezokhombisa iqhaza okumele libanjwe yizimboni zakuleli ekuthuthukiseni noma ekucijeni intsha ngolwazi kanye namakhono emisebenzi. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.5 Isikhathi esiyimizuzu engama-67, esiyingxenye yokugujwa kosuku lokuzalwa lukababa uMandela, sibekelwe izakhamuzi zakuleli ukuba zizinikele noma zisize ngokuthize emiphakathini.

Bhala indaba uvumelane noma uphikisane ngokwanela kobungako bale mizuzu ngokwezidingo zemiphakathi. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.6 Ukuhlolwa kwezintombi noma ukusokwa kwabafana kuvuse imibono eyahlukene emiphakathini yakuleli.

Khetha elilodwa lala masiko ubhale ngalo indaba uncome ubuye ugxeke indlela eliqhutshwa ngayo. Yinike isihloko indaba yakho. **[50]**

1.7 Izithombe ezilandelayo ezisemibuzweni 1.7.1 no 1.7.2 ziqubula imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Yinike isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.7.1



[*Bona,* August 2012] **[50]**

1.7.2

[Internet, August 2012] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

- Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo.
- Bhala ngesihloko osikhethile kube ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120.
- Qaphela lokhu okulandelayo:
  - Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
  - Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zolimi.
  - Isakhiwo sombhalo.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.
  Isib. 2.1 Incwadi Yokuzincoma.

2.1 I-SABC inohlelo lokuhlonza amathalente ahlukahlukene ohlelweni lukamabonakude oluthi 'South Africa's Got Talent'. Ukuze ube yingxenye yalolu hlelo kufanele uchaze kabanzi ngethalente onalo.

Bhalela abethuli balolu hlelo **incwadi** uzincome mayelana nethalente lakho elizokubeka esimeni sokuthi bakukhethe ukuze nawe uzolikhombisa kumabonakude. **[30]**

2.2 Kushone umnewenu emva kokugula isikhathi eside. Lokhu kuphathe kabi abantu abaningi njengoba umnewenu ebeyilungu eliqavile emphakathini.

Bhala **umlando kamufi** ozowufunda ngosuku lomngcwabo. **[30]**

2.3 Emphakathini eniwakhele kusekhona izikole ezisasebenzisa induku, yize noma lo mkhuba sewavalwa nguMnyango weZemfundo Eyisisekelo. Ningabafundi bendawo nibe nomhlangano ukuzodingida le nkinga. Ube usuqokwa ukuba ube nguNobhala walo mhlangano.

Bhala **indabambiko** enizoyethula kuMqondisi wezeMfundo wesiYingi sangakini. **[30]**

2.4 Ngemuva kokuba abafundi bakaMatikuletsheni sebethole imiphumela yabo yokuphela konyaka, kuvame ukuvela izikhungo zeMfundo ezingoqhiph'khowe. Wena njengoMhleli wephephabhuku 'uNondlini' ubone kungcono ukuthi uxwayise abafundi ngalezi zikhungo zemfundo ezingomashiyakukhalwa.

Bhala **ingosi yoMhleli (edithoriyali)** uxwayise uphinde uveze ubungozi balezi zikhungo zeMfundo. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

- Khetha isihloko **ESISODWA** kulezi ezilandelayo.
- Bhala ngesihloko osikhethile kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.
- Qaphela lokhu okulandelayo:
  - - Izethameli, irejista, ithoni kanye nesitayela.
  - Ukukhethwa kwamagama kanye nezimiso zolimi.
  - Isakhiwo sombhalo.
- Bhala inombolo yombuzo kanye nesihloko sombhalo owukhethile.
  Isib. 3.1 Iphosta.

3.1 Inhlangano evikela amalungelo ezilwane i-SPCA isemkhankasweni wokugonywa kwezinja ukuvikela isifo samarabi esibuye sibe ingozi kulowo osuke elunywe yinja enalesi sifo.

Bhala **iphosta** ezokwazisa umphakathi wangakini ngemininingwane yalo mkhankaso. **[20]**

3.2 Ngempelasonto isikole senu sizobe sivakashelwe isikole esivela kwesinye isiFundazwe. Kuzobe kuqhudelwana ngemidlalo ehlukahlukene. UThishanhloko wesikole senu uninikeze imiyalelo okumele niyilandele ukuze lolu suku lube yimpumelelo.

Bhala le **miyalelo** eniyinikezwe uThishanhloko. **[20]**

3.3 Ningumndeni benivakashele esiqiwini saseKruger National Park ngamaholide kaKhisimusi. Kube nezinto eziningi enizenzile nenizijabulise ngazo njengomndeni.

Bhala **idayari** yezinsuku ezine uchaze ukuthi niwachithe kanjani la maholide. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100